Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu ezintathu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa | (20) |
| ISIQEPHU B: Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngokucophelela.
3. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha.
4. Qalisa isiqephu **NGASINYE** ekhasini **ELISHA**.
5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
6. Bhala izinombolo njengoba zibhalwe ephepheni.
7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
8. Qaphela isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

Stanmorephysics.com
Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1 UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

1.1 Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **NOMBHALO B** ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

Fundisisa lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

Uma kukhulunywa ngengoma ethi Jerusalema esidume umhlaba wonke, ifikelwa umunyu intokazi yaKwaZulu-Natal ngemisebenzi kanina, uNomcebo Zikode waseHammarsdale ocula noMaster KG ingoma ethi Jerusalema nosekhiphe i-albhamu yakhe ethi Xola Moya Wami, uveza ukuthi ukube unina wayengekho ngabe kade ayikhohlwa indaba yomculo.Ukuba nekhono lokubhala nokucula bekuyinto alokhu ekhula nayo kodwa ingamchumi. Yingakho eze walahlekelwa yithemba.Kodwa unina uNkk Buyeleni Mfeka-Nkwanyana waqinisekisa ukuthi akalilahli ithemba.

Stanmorephysics.com

"Bengilokhu ngizama ngicula nabantu bengincoma bethi nginekhono kodwa kunzima ingavuleki iminyango efanele. Bengike ngicule ngisho nabaculi abaziwayo kodwa kungahlangani okwami. Umama nomndeni wami wonke nabantu ebebengilandela bebehlala bengikhuthaza bangiduduze ngezikhathi ezinzima. Umama okwakhe bekunzima kakhulu ngoba ubaba washona esangikhulelwe, selokhu aqala lapho ukunginakekela ngazo zonke izindlela," kusho uNomcebo.

Eqhuba uthe ngesikhathi engenela nemincintiswano eqala ezama nokungqongqoza ezinkampanini zomculo ezinkulu kwaba sengathi ufaka usawoti esilondeni ngoba babengakholelwa ekutheni izwi lakhe lingakhipha ulozolo lwezingoma. "Ngicabanga ukuthi babedidwa ukuthi ngingowesifazane onezwi elikhulu kanti bona bajwayele ukuthi abantu besifazane bacula ngezwi elincane. Ngeke ngiqambe amanga ngaze ngafikelwa umuzwa wokushiya phansi kodwa umama elokhu engikhuthaza ecula nami. Kunengoma engayibhala naye esiyicula sobabili engizoyifaka kwi-albhamu elandelayo," kusho uNomcebo. Eqhuba uthe iXola Moya Wami uyibhale ngesikhathi kumenyezelwa ukuvalwa kwezwe nokuyinto eyamthusa kakhulu. "Ngaphatheka

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

kabi emoyeni wami ngaba nemibuzo eminingi ngempilo ngabhala ngicela uxolo kuNkulunkulu ngezimo zomhlaba. Ngangibheka ukuthi noma singabantu sikholwa kodwa kukhona lapho sibuye siphambuke khona. Ukuhlasela kweCovid-19 nokuvalwa kwezwe ngakuthatha njengolaka lukaNkulunkulu," kusho uNomcebo.

Njengamanje uNomcebo uhleli kunombolo-44 emazweni omhlaba nengoma yakhe ethi Xola Moya Wami nokumenza abe phezulu kwabamele iNingizimu Afrika emculweni.IJerusalema yona selokhu ihamba phambili nangomdanso wayo odanswa umhlaba wonke.

Ukusebenza noMaster KG uNomcebo uthe ukuthatha njengesibusiso angasoze asikhohlwa ngoba ukholwa wukuthi uNkulunkulu wabahlanganisa ngesizathu sokuthi baphakamisane ngamakhono abo.

Isifiso sakhe esikhulu esokucula ezindaweni ezahlukene KwaZulu-Natal nokuqhubeka abhale izingoma ngesiZulu.

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (OBUKWAYO**



Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIBUZO UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1.1 Ngubani lo mculi okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

1.1.2 Nikeza izingoma zakhe ezimbili adume ngazo. (2)

1.1.3 Iyiphi indima edlalwe ngumama wakhe ukuze azibone esephumelele emculweni wakhe? (2)

1.1.4 Nikeza igama eliphikisana naleli: **Abesifazane** (1)

1.1.5 Chaza lesi simo sokukhuluma "ukufaka usawoti esilondeni" (2)

1.1.6 Chaza imbangela yokuthi abhale ingoma ethi Xola moya wami? (2)

1.1.7 Kuyiqiniso yini ukuthi umama wakhe naye unekhono lokucula?Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

1.1.8 Xoxa ngomthelela noma ushintsho olube khona ngemumva kokuhlaselwa komhlaba yi COVID 19? (3)

**[15]**

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.1.9. Nikeza igama lalo mculi ojaha umfana. (1)

1.1.10. Fingqa ngomusho owodwa ngokwenzeka esithombeni. (1)

1.1.11. Imuphi umuzwa ovuswa ilamazwi "phezani masela ndini" (1)

1.1.12. Umyalezo muni ondluliswa yilesi sithombe? (2)

**[5]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 20**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: FINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

**Fundisisa isiqeshana esilandelayo bese usifingqa ngamagama akho mayelana nezindlela zokugwema ukuchitha isikhathi esiningi kumabonakude.**

**IMIYALELO**

1. Fingqa lesi siqeshana usebenzise amagama akho angeqile kwangama- 80.
2. Fingqa ngamaphuzu ayisi-7.
3. Amaphuzu akho mawabe nezinombolo ezisukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala iphuzu elilodwa emshweni owodwa ophelele.
5. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
6. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**IZINDLELA ZOKUGWEMA UKUCHITHA ISIKHATHI ESININGI KUMABONAKUDE**

Ukuchitha isikhathi eside ngokungafanele kumabonakude kuyisifo esikhungethe abantu bonke.Umabonakude wenzelwe ukupholisa ingqondo, nokufundisa kepha uma usuwubuka ngokweqile uba yisifo esidinga ukufakelwa izibuko.Kunezindlela ezingalandelwa ukulapha lesi sifo.Bhala izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze uqiniseke ukuthi awuchithi isikhathi ngokubuka izinhlelo ezingenasidingo kuwe.

Yiba nongakwenza njengemidlalo edlalelwa ngaphandle uma unesizungu.Lokhu kwenza ingqondo yakho igxile kwenye into kunomabonakude.Okwenzayo kwabele isikhathi sakho esanele.Lokho kuzokwenza ukuthi ungabuyeli endlini ugcine usubukela nezinye izinhlelo obungahlosile ukuzibukela.Uma wenza lokho isikhathi sakho uzosichitha ngendlela efanele.

Izingxoxo ongaba nazo nabangani noma umndeni zingakuhehela ekubukeni izinhlelo zikamabonakude.Gwema ukulalela ingxoxo yabo uma bexoxa noma bekuxoxela ngezinhlelo ongazibuki kumabonakude.Uma ungayigwemi le ngxoxo uzogcina usunesifiso sokuyozibonela okushiwo ngalezi zinhlelo, ufane noTomasi waseBhayibhelini.

Impilo yanamuhla idala ingcindezi.Izindawo okuhlalwa kuzo ezingaphephile ,imisebenzi esetshenzwayo , isiminyaminya sezimoto ezisemgwaqeni zibeka impilo engcupheni.Konke lokhu kugcina kubangela ukuthi abantu bathole indlela yokususa ingcindezi uma befika ekhaya.Umabonakude kuba yindlela okufinyeleleka kalula kuyo engaqeda ingcindezi.Abantu bagcina begqolozela umabonakude amahora ngamahora.Ukuze ugweme lokho zifundele izincwadi uhlanganyele namaqembu abafundi bezincwadi nixoxe ngalezo zincwadi enizifundile.

Igumbi lokulala lenzelwe ukulala kuphela.Bukela umabonakude nomndeni wakho endlini yokuphumula, ungawufaki egunjini lokulala.Lokhu kungadala ukuthi uqhubeke ubukele umabonakude kwezinye izikhathi uze uzumeke.Umabonakude ugcine usubuka wena.Ungagcina usulala phakathi kwamabili uhehwa izinhlelo ezingapheli ozibukayo.

Wonke umuntu uyakudinga ukuthuthuka empilweni.Akukuningi okuzuzayo uma ubukela ezinye izinhlelo zikamabonakude.Uma kungekuningi okuzuzayo kulezo zinhlelo, sizathu sini esingenza

Downloaded from Stanmorephysics.com

uchithe isikhathi sakho kuzo?Thola indlela yokuchitha isikhathi enenzuzo nefundisayo, njengokwenza isivande utshale imifino, uzifundise ukubhaka amakhekhe uwathengise nokunye.

Ukuhlala njalo wedwa ugqolozele umabonakude kuyingozi,ungagcina ukhuluphala ngokweqile okungadala izifo.Lokhu kungaxhumani nabantu akukuhle, ugcina usuyinkomo edla yodwa.Ukuvakasha nokungcebeleka kungasiza ekusebenziseni isikhathi kahle.

**[Sithathwe ku-www.googlenews sahunyushwa kabusha]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]**

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI**

**Fundisisa lesi sikhangisi esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:**
**UMBHALO D (ofundwayo nobukwayo**




Stanmorephysics.com


| | | |
|---|---|---|
| 3.1.1 | Simayelana nani lesi sikhangisi? | (1) |
| 3.1.2 | Nikeza inombolo ongayishayela uma unenkinga. | (1) |
| 3.1.3 | Chaza kafushane ukuthi sibhekiswe kobani lesi sikhangisi. | (2) |
| 3.1.4 | Ucabanga ukuthi uzoba yini umphumela walesi sikhangisi kubafundi? | (1) |
| | | **[5]** |

**UMBUZO 4: Ukuhlaziya ikhathuni**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**UMBHALO E (IKHATHUNI)**




4.1.1 Gagula isabizwana esitholakala enkulumweni yalona wesifazane.Bese wakha umusho ngaleso sabizwana. (2)

4.1.2 Ucabanga ukuthi uzoba yini umphumela walesi senzo sikaBhoza? (2)

4.1.3 Uyazwelana yini nalomndeni njengoba uBhoza ezoshisa imali?Sekela impendulo yakho. (1)

**[5]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.**
**UMBHALO F**

Funda isiqeshana esingenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Isalakutshelwa sibona ngomopho.** Ngisho ngoba ngakukhuza ngabangani bakho abangalungile kodwa lutho ukungilalela uma ngikhuluma. Ngikhuluma nje abangani bakho **bagcwele iziganga** usele wedwa manje kumele ujezele izono zakho. Ukuba ihlongandlebe kwakho sekukudonsele amanzi ngomsele. Ake ngisho ngikuphinde ukuthi ngihlanze ngedela ngawe ngoba kade ngangikukhuza ngalobu bugebengu bakho.Kuyokusiza –ke mfanwami ukushintsha indlela owenza ngayo noziphethe ngayo.Akudlalwa phela la uyakhona ziyayishuka imbodla iziboshwa ejele, uyoze ufise ukuba ngabe awuzalwanga.Uzowukhomba umuzi onotshwala uthanda ungathandi uzojezela bonke laba bangani bakho ebengikukhuza ngabo.Waze wangenza kodwa Bheki mtanami ngokungalaleli.Ngiyazisa ngomfanwami omuhle kangaka, waze walibulala ikusasa lakho.Bengithembile ngithi uzokhula ube yindoda eqotho.

| | | |
|---|---|---|
| 5.1. | Hlobo luni lwe**bizo** uBheki? | (1) |
| 5.2. | **Nciphisa** leli gama : indlela | (1) |
| 5.3. | Tomula igama **elimqondofana** nelithi :injeza | (1) |
| 5.4 | Nikeza igama **elimqondophika** nelithi :abangani | (1) |
| 5.5 | Yini ihlongandlebe? | (2) |
| 5.6. | Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo . | (4) |
| 5.6.1. | **Isalakutshelwa sibona ngomopho.** | |
| 5.6.2. | **Ukugcwala iziganga.** | |
| 5.7. | Dwebela **undaweni** emshweni olandelayo<br>Ziyayishuka imbodla ejele akudlalwa | (1) |
| 5.8. | Tomula **isichasiso** esisodwa endabeni usichaze | (2) |
| 5.9. | Hlobo luni lomusho lolu?<br>UBheki uzoboshwa ngoba akalaleli. | (1) |
| 5.10. | Guqula lo musho olandelayo ube **yinkulumo ngqo**<br>Umama kaBheki uthi kumele iziphathe kahle ingane yakhe. | (1) |
| 5.11. | Guqula leli gama ulise **ebuningini:** ubugebengu | (1) |
| 5.12. | Yakha **imisho emibili** uveze imiqondo eyehlukene ngebizo : **umuzi** | (2) |
| 5.13. | Khipha **isiqalo** ne**siqu** kuleli bizo: iziboshwa | (2) |
| | | **[20]** |

Stanmorephysics.com

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 60**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1 UKUFUNDELA UKUQONDISISA

## UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1.1 UNomcebo zikode (1)

1.1.2 IJerusalema (2)
Xola moya wami

1.1.3. Unina uNkk. Buyela Mfeka Nkwanyana waqinisekisa ukuthi akalahli ithemba (2)

**NOMA**

Umama nomndeni wami nawo wonke umuntu obengilandela bebehlala bengiduduza bengikhuthaza ngezikhathi ezinzima

1.1.4. Abesilisa (1)

1.1.5 Ukwenza izintozibe lukhuni noma zibe nzima kunakuqala (2)

**NEZINYE IZIMPENDULO EZINEMBAYO**

1.1.6. Ixola moya wami uyibhale ngesikhathi kumenyezelwa ukuvalwa kwezwe nokuyinto eyamthusa kakhulu. Ngaphatheka kabi emoyeni wami ngaba nemibuzo eminingi ngempilo ngibhala uxolo ku nkulunkulu ngezimo zomhlaba. (2)

1.1.7 Yebo! Kuyiqiniso umama uNkk. Buyeleni Mfeka-Nkwanyana ubebuye acule naye uNomcebo. Ngeke ngiqambe amanga ngaze ngifikelwa umuzwa wokushiya phansi kodwa umama ubelokhu engikhuthaza ecula name. kunengoma engayibhala esiyicula naye ngizoyifaka kwe {album} elandelayo"kusho uNomcebo. (2)

1.1.8. Uhulumeni wamenyezelwa ngokuvalwa kwezwe (3)
Kwavalwa izindawo zobumnandi
Ukucula bangakwazi ukunandisa ezindaweni zobumnandi
Abantu kwakungamele bahklangane baze babe ngamashumi amahlanu imihlangano Kanye nasemingcwabeni.

**[15]**

## UMBHALO B ( OBUKWAYO)

1.1.9. UZahara (1)

1.1.10 Umfana udayisa ngama CD omkokotelo (1)
Umfana ubonakala edayisa ngomsebenzi (CD) womculo onguZahara. Lesenzo siyicala elibomvu kakhulu ngoba kufana nokuthi uthatha noma isinkwa somunye umuntu.

1.1.11. Umuzwa wokudinwa. (1)
Umuzwa wokucasuka

**NEZINYE IZIMPENDULO EZINEMBAYO**

1.1.12 Akumele sithengise ngama CD angumkokotelo (2)

**[5]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 20**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**
**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**
**UMBHALO C**

**AMAPHUZU ABALULEKILE**

| | Amaphuzu acashuniwe | Amaphuzu ahunyushiwe |
|---|---|---|
| 1 | Bhala izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze uqiniseke ukuthi wuchithi isikhathi ngokubuka izinhlelo ezingenasidingo kuwe | Loba izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze ungachithi isikhathi ubukela izinhlelo ongazidingi. |
| 2 | Yiba nongakwenza njengemidlalo edlalelwa ngaphandle uma uzizwa unesizungu. | Thola ongakwenza okufana nemidlalo yangaphandle uma unomzwangedwa. |
| 3 | Gwema ukulalela ingxoxo yabo uma bexoxa noma bekuxoxela ngezinhlelo ongazibuki kumabonakude | Ungalaleli abantu uma bekhuluma uma bekhuluma ngezinhlelo zikamabonakude ongazazi noma ongazibuki. |
| 4 | Zifundele izincwadi ,uhlanganyele namaqembu abafundi bezincwadi nixoxe ngalezo zincwadi enizifundile. | ZIfundele izincwadi ube mdibimunye kanye nabanye abafunda izincwadi nixoxe ngazo. |
| 5 | Bukela umabonakude nomndeni wakho endlini yokuphumula, ungawufaki egunjini lokulala. | Bukela umabonakude endlini yokuphumula ungabi nawo ekameleni lokulala |
| 6 | Thola indlela yokuchitha isikhathi enenzuzo nefundisayo njengokwenza isivande utshale imifino, uzifundise ukubhaka amakhekhe uwathengise nokunye. | Yiba nendlela yokusebenzisa isikhathi ezokuzuzisa njengokulima ingadi nokubhaka amakhekhe uwadayise nokunye. |
| 7 | Ukuvakasha nokungcebeleka kungasiza ekusebenziseni isikhathi kahle. | Ukuvakasha nokuyozijabulisa kungalekelela ekuchitheni kahle isikhathi. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Ukufingqa ngesigaba**

Loba izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze ungachithi isikhathi ubukela izinhlelo ongazidingi. Thola ongakwenza okufana nemidlalo yangaphandle uma unomzwangedwa. Ungalaleli abantu uma bekhuluma ngezinhlelo zikamabonakude ongazazi noma ongazibuki. Zifundele izincwadi ube mdibimunye kanye nabanye abafunda izincwadi nixoxe ngazo. Bukela umabonakude endlini yokuphumula ungabi nawo ekameleni lokulala.Yiba nendlela yokusebenzisa isikhathi ezokuzuzisa njengokukwenza ingadi utshale imifino noma uzifundise ukubhaka amakhekhe uwadayisele abantu. Ukuvakasha nokuyozujabulisa kungaba enye indlela engcono yokuchitha isikhathi kahle.

**[AMAGAMA- 70]**

**AMAMAKI**

**ESIQEPHU B: [10]**

**Ukumakwa kokufingqa**

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
    - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
    - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
    - Isamba samamaki ayi-10.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
    - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
    - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

Downloaded from Stanmorephysics.com

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
- Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

**QAPHELA:**

- **Ukubalwa Kwamagama:**

  - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
  - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI**
**UMBHALO D**

| | | |
|---|---|---|
| 3.1.1. | Simayelana nezokuphepha emgwaqeni | (1) |
| 3.1.2. | 0861 1400800 | (1) |
| 3.1.3. | Kubhekiswe kwabahamba ngezinyawo ebusuku emgwaqeni. | (2) |
| 3.1.4. | Uzokwenza ukuthi baqaphele uma bezohamba ebusuku emgwaqweni bagqoke izinto ezigqamile ezizobenza baphephe babonakale | (1) |
| | | **[5]** |

**UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI**
**UMBHALO E**

| | | |
|---|---|---|
| 4.1.1. | Lezi- lezi zingane ziyadelela<br>**IMISHO IYOKWEHLUKA.** | (2) |
| 4.1.2. | Kuzophela imali bese bayahlupheka. | (2) |
| 4.1.3. | Yebo- ngoba bazosala bengenalutho beswele | (1) |
| | | **[5]** |

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: IZIMISO KANYE NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**UMBHALO F**

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | Ibizo qho | (1) |
| 5.2 | Indledlana | (1) |
| 5.3 | Indoda | (1) |
| 5.4 | Izitha | (1) |
| 5.5 | Umuntu ongalaleli uma ekhuzwa | (2) |
| 5.6.1. | Umuntu ongafuni ukulalela uma ekhuzwa ugcina ngokuba sengozini. | (2) |
| 5.6.2. | Ukubaleka | (2) |
| 5.7. | Ejele | (1) |
| 5.8. | Omuhle – isiphawulo /<br>Eqotho - isibaluli | (2) |
| 5.9. | Umusho ombaxa | (1) |
| 5.10. | "Kumele uziphathe kahle ngane yami", kusho umama kaBheki. | (1) |
| 5.11. | Ubugebengu | (1) |
| 5.12. | Umuzi oyikhaya<br>Umuzi owumkhangu | (2) |
| 5.13. | Isiqalo izi-<br>Isiqu -boshwa | (2) |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 60**